



KUHLONISHWE ABASEBENZI BOMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATALI EMCIMBINI WAMA MASEA



KUHLONISHWE ABASEBENZI
BOMNYANGO WEZEMPILO
KWAZULU-NATAL
EMCIMBINI WAMA MASEA
EKHASINI 04



UKUNAKEKELWA
KWEPILO YABESILISA
KUMQOKA **EKHASINI 06**



YENZA UMEHLUKO,
NIKELA NGEGAZI
UPHILISE ABANTU
EKHASINI 12



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

UNgqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natali

uDkt SM Dhlomo



Ingabe umntwana wakho uneminyaka eyisihlanu (5) noma ngaphansi?

Umnyango weZempilo KwaZulu-Natali
UZOGOMA ABANTWANA MAHHALA
emitholampilo, ezinkulisa nasezikhungweni zika-Phila Mntwana

UKUGOMA KUZOVIKELA UMNTWANA WAKHO KWISIMUNGUMUNGWANE

Abahlengikazi bazonikezela ngalolusizo:

- * Ukugomela isimungumungwane
- * Ukubhekwa kokondleka komzimba womntwana

KHUMBULA LEZIZINSUKU:

12-30 JUNE 2017

Asinike abantwana bethu uthando olubafanele!

Cela ifomu lemvume yokugoma umntwana esikoleni noma emtholampilo oseduzane

SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA, SINIKA ITHEMBA

SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA



USOMQULU WAMALUNGELO EZIGULI

Ilungelo lakho ukuthi uhlonipheke

Noma yisiphi isiguli sinelungelo:

- Lempilo engcono nokuphila endaweni evikelekile
- Nokuba nelungelo ekuthathweni kwezinqumo
- Ukwazi ukuthola noma iluphi uhlobo aludingayo lwezempilo
- Umshwalense noma uxhaso ngosizo lokwelashwa
- Ukuziqokela usizo lwezempilo oludingayo
- Ngukwelashwa yilabo abanelungelo lezempilo olusemthethweni
- Ilungelo ngempilo yangasese
- Ukwazisa labo abasondelene naye
- Ukungavumeli ukwelashwa
- Umbono wesibili
- Ukuqhubeka nokunakekelwa
- Ukukhalaza mayelana nohlelo lwezempilo
-

IZIBOPHEZELO ZEMINDENI/ NEZIGULI

- Ukunika ulwazi olufanelekile mayelana nempilo yesiguli nokwelashwa kwangaleso sikhathi lapho kudingeka khona
- Ekukhishweni kwesiguli esibhedlela umndeni ubophelezekile, ukuqiniseka ukuthi isiguli sithatha imithi, sibuya ngokufanelekile, ukuqhubeka nohlelo lokulashwa njengalokhu okuhleliwe.
- Ukuhlonipha ezinye iziguli, izivakashi nabasebenzi basesibhedlela
- Ukwamukela ukuthi izidingo zezinye iziguli neminye imindeni kungaba eziphuthumayo kunezabo izidingo
- Ukwazisa isibhedlela ngokushintsha kwemininingwane yesiguli isibonelo; ikheli, inombolo yocingo nokunye.
- Ukukhokha imali yokwelashwa kwesiguli njengalokhu okulindelekile

UMnyango wezeMpilo unxusa iziguli noma izihlobo zazo ukuthi uma bezikade zihambele izikhungo zezeMpilo, emva kokwelashwa ziqhubeka nokungazizwa kahle, zibuyele kulezo zikhungo zibikele abezempilo. Lapho zingaxhumana nehhovisi likamXhumanisi wesiKhungo noMphakathi (PRO), noma umphathi wesikhungo (CEO noma Operations Manager).


Uma zingaculisekile, zingabhalela lowo oyi-Ombudsperson kwezeMpilo KwaZulu-Natal uMnuz Mboneni Bhekiswayo kuleli kheli: 330 Langalibalele Street, Pietermaritzburg 3201.
Angathunyelelwa ne-email ku; mboneni.bhekiswayo@kznhealth.gov.za,

noma aphonelwe ku-033 395 3275.

UMnyango wezeMpilo unane-call centre esebenza amahora angu-24 nsuku zonke lapho kufakwa khona izikhalazo.

SHAYELA KU-0800 005 133






UMYALEZO OVELA KUNGQONGQOSHE WEZEMPILO

U Dkt SM Dhlomo

NGIFISA ukuhalalisela bonke abaphumelele emiklomelweni kaNgqongqoshe waminyaka yonke yokusebenza ngokwedlulele I MEC's Annual Excellence Awards (MASEA). Abaphumelele bayisibonelo esihle, futhi siyethemba ukuthi bazogquguzela nabanye abasebenzi ukuba basebenze ngokuzinikela ukuze kuphiliswe abantu, kuliwe nokubhebhetheka kwezifo esifundazweni. Kulabo abangaphumelelanga sithi abangapheli amandla, bazame nangomuso, kuyogcina kulungile.



Phakathi kwemikhankaso ebalulekile ngokwekhalenda lezempilo kulenyanga singabala usuku lwentsha (Youth Day), ukugquguzela ukunikela ngegazi (World Blood Donor Month) nokuQwashisa ngezeMpilo eMadodeni (Men's Health Month).

INyanga yeNtsha

Njengoba kulenyanga sigubha usuku lweNtsha (Youth Day) mhlaka 16 kuNhlangulana, ngifisa ukunxusa bonke abantu abasha ukuba banakekele izimpilo zabo ngokuthatha izinqumo eziphusile ezibhekene nempilo ngaso sonke isikhathi. Intsha yakithi ihlaselwe yisihlava sokucwila otshwaleni nasezidakamizweni. Lezi zinto ziba nomthelela omubi ngoba zenza umuntu angabe esakwazi ukuzithiba, nokuzivikela, bese ezibeka engcupheni yokukhulelwa okungahlelelwe, ukutheleleka ngezifo zocansi noma kokubili lokhu.

Njengengxenywe yomkhankaso wethu wokuqinisekisa ukuziphatha kahle kwezocansi, sikhuthaza wonke umuntu, kubandakanya nabantu abasha ukuba basebenzise ukuzivikela okumbaxambili (Dual Protection).

Lokhu kungukuhlala umndeni kwabesimame, ukusokwa ngokohlelo lwezempilo kanye nokusebenzisa amakhondomu ngaso sonke isikhathi uma kuyiwa ocansini. Uma kusetshenziswa kokubili kuyosiza hhayi kuphela ekugwemeni ukukhulelwa okungadingekile kepha nokuvikela ukubhebhetheka kwezifo zocansi.

Ukunikela Ngegazi

Izibalo ziveza ukuthi umuntu oyedwa kwabane udinga igazi. Ngithanda ukunxusa bonke abantu bakuleli ukuba benikele ngegazi. Igazi onikele ngalo lingasiza owesifazane obelethayo uma opha kakhulu, noma isiguli esiphethwe umdlavuza noma umuntu obe sengozini yemoto. Ngakho ngokwenze njalo ungabe usindise impilo yomuntu. Lokhu kuyinto enhle kakhulu njengoba usuke unikela kumuntu ongamazi, kanti nawe uqobo ungaludinga lolusizo ngelinye ilanga.

Impilo Yabesilisa

Ngifisa ukukhuthaza bonke abantu besilisa ukuba benze okuhle ngokuziphatha kahle okubandakanya nakwezocansi. SiwuMnyango wezeMpilo kuyasikhathaza ukungalingani ngokobulili kwesibalo sabantu abeza ezikhungweni zethu. Abantu besilisa bayadembesela ukuya kohlolwa, okwenza bagcine sebefika emva kwesikhathi sekunomonakalo empilweni yabo. Kumele sishintshe ukwenza, siwuyeke lo mkhuba wokungazinakekeli ngoba sithi sithembe ukwelashwa. Kungcono kakhulu ukugwema izifo, kunokwelashwa.

Ngakho-ke sithi abesilisa abazijwayeze ukuhamba nomaqondana babo baye ezikhungweni zezempilo ukuyohlolwa. Lokhu kubandakanya ukuhlololwa igciwane lesandulela-ngculazi, isifo sofuba, isifo sikashukela, ukuyohlolwa amehlo, nokunye. Ngokwenzenjalo uzibeka ethubeni lokusheshe usizakale ukuze ubhekane nesimo sempilo uma kukhona izifo ezitholakalayo.

Bamba elakho iqhaza ekwenzeni i-KZN ibe ngenempilo!





UMYALEZO OVELA KWINHLOKO YEZEMPILO

U Dkt ST Mtshali

Angibingelele kubasebenzi boMnyango wezeMpilo, bese ngokukhethekile ngibingelele abantu besilisa kanye nabantu abasha kulenyanga ka Nhlanguvana ngoba yinyanga yabo. Inyanga ka Nhlanguvana yaziwa ngokuthi yinyanga yabantu besilisa (Men's Health Month) lapho sigqoguzela kakhulu abantu besilisa kanye nabafana abasebancane ukuthi babhekisise isimo sempilo yabo ngokuthi bajwayele ukuthi bahlolele izifo.



Esikhathini esiningi abantu besilisa banokusalela emuva kubantu besifazane uma kuhlolelwa izifo ngoba abayivakasheli njalo imitholampilo kanye nezibhedlela. Abanye abantu besilisa baze baziqinise noma umuntu esezwa ubuhlungu ngoba ethi "indoda ayikhali" kanti uphethwe yinto okungenzeka ibenomthelela omubi empilweni yakhe uma esehlolisiswa. Ngalenyanga ngithanda ukugqoguzela abantu besilisa ukuthi bazibophezele ekunakekeleni izimpilo zabo ukuze kuzosimama imindeni kanjalo nomphakathi wonke, abantu baphile isikhathi eside. Lokhu bangakwenza ngokuthi bahlolele izifo ezifana nesifo sikashukela, esomfutho wegazi ophezulu, esofuba, esomdlavuzi kanye nesandulela ngculazi. Sinayo inkundla ye Men's Forum emnyangweni lapho sibonisana khona ngazo zonke izinto ezithinta abantu besilisa kanti siphinde sisebenzisane kakhulu nezikhungo zemfundo ephakame ukusabalalisa ulwazi olujulile lwezempilo kubantu besilisa.

Ngalenyanga siphinde sigubhe iqhaza elabanjwa ngabantu abasha emzabalazweni wenkululeko yakuleli ngonyaka ka1976. Sithi sikhumbula izigameko zakudala sibe sibheke isimo abantu abasha abakusona njengamanje. SinguMnyango wezeMpilo sinezinhlelo eziningi zokusiza abantu abasha ukuthi basimamise izimpilo zabo. Enye inkinga enkulu wukuzibandakanya kwabantu abasha ocansini olungaphephile olubabeka engcupheni yokuhamba yizifo ezithathelana ngokocansi kanjalo nokukhulelwa okungahleliwe. Sinezinhlelo ezifana no Happy Hour emitholampilo yethu, nokuyisikhathi sokuhlazeka usizo lwezempilo kubantu abasha ngale kokubehlulela. Ngithanda ukugqoguzela abantu abasha ukuthi baqhubeka nokusebenzisa lelihuba elibekelwe bona ukuthi bahlele izimpilo zabo kahle.

Kuyimanje simatasa nomkhankaso wokugoma izingane (Measles Campaign) ukuze zivikeleke ezifweni ezifana ne Measles. Lomkhankaso siwugale ngomhlaka 12 sizowuphetha ngomhlaka 30 kwephezulu. Sinxusa bonke omama bezingane eziphakathi kwezinyanga eziwu-6 kuya kweziwu-59, kuzona zonke izifunda ukuthi bavakashele ezikhungweni zethu bayogoma izingane zabo. Nabasebenzi bomnyango bazobuye bavakashele ezinye izinkulisa kanjalo nezikole ukuyogoma izingane kanti kuzobaluleka ukuthi ingane ibenekhadi layo lokugoma ukuze kuzoqoshwa ukugonywa kwayo.

Angiphethe ngokuthi ngihalalisele abasebenzi bomnyango abazuze izindondo emcimbinini wokuklomelela abasebenzi abasebenza ngokuzimisela emcimbinini weminyaka yonke we MEC's Annual Excellence Awards (MASEA). Lomcimbi ube nenkulu impumelelo njengoba bebebangingi nabasebenzi abebefake izicelo kulonyaka. Siyabonga kakhulu ngokuzinikela nokuzikhandla kwenu emsebenzini, ngaphandle kwenu asiyilutho. Ngifisa ukunxena nalabo abangakaze bangenele ukuthi benze kanjalo.



KUHLONISHWE ABASEBENZI BOMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATAL EMCIMBINI WAMA MASEA



UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uzibophezele ukugcwalisa izikhala zemisebenzi emnyangweni ukwehlisa ingcindezi kubasebenzi abathwele kanzima ezikhungweni zawo. Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Sibongiseni Dhlomo ngesikhathi ethula inkulumo yakhe emcimbini wokuklonyeliswa kwabasebenzi bomnyango obizwa nge-MEC's Annual Service Excellence Awards (MASEA), obubanjelwe e-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre mhla zimbili kwephezulu.

Lo mcimbi waminyaka yonke uhlonipha iqhaza labasebenzi ekuletheni izidingo zezempilo kubantu, lapho kubhekiswa khona ukusebenza komuntu ngamunye bese kubhekwa nokusebenza ngamathimba ezigabeni ezahlukene zomsebenzi. Kubhekiswa iqhaza labahlengikazi, odokotela kanye nongoti emkhakheni wezeMpilo ngaphansi kwezimo abaye bahlangabezane nazo. Ungqongqoshe wenze isibonelo ngokuzinikela kwabasebenzi wase ebalula uhambo lwakhe lwakamuva nje evakashele izikhungo zoMnyango

wezeMpilo ngaphansi kwesifunda seTheku. "Emasontweni amabili edlule ngivakashele imtholampilo emibili, eMlaza ngifice abahlengikazi egunjini lokuhlola iziguli ngo 11h00 bengakaze bathathe ikhefu letiye besebenza belokhu bephuza amanzi kuphela, besebenza ngokuzikhandla. Ngiphinde ngavakashela isibhedlela iMahatma Gandhi Memorial ngelinye ilanga ngafica abahlengikazi abathathu ewodini labesifazane bebhakene neziguli eziwu-62, bekipha imishanguzo, bejova iziguli,

besiza ngokunikeza iziguli ukudla babuye futhi basize ngokubamba izingcingo phezu komsebenzi abawenzayo". Impela ngivumelana neNhloko yoMnyango kanjalo nabaphathi bonke bomnyango ukuthi kumele silungiswe lesi simo. Kufanele sithole indlela yokugcwalisa izikhala zomsebenzi ezivulekile noma zikhona izinselelo esibhekene nazo. Siyabonga kakhulu ngeqhaza elibanjwa ngabahlengikazi ukuthuthukisa izimpilo zabantu," kusho uDkt Dhlomo.

Inhloso enkulu yalo mcimbi ukuthi kwakhiwe uhlelo lwezeMpilo olusebenza kahle olubhekene ngqo nokulethwa kwezidingo kubantu, ikakhulukazi ukunakekela iziguli kanjalo nendlela eziphatheka ngayo ezikhungweni zezempilo.

Ukuklonyeliswa kwabasebenzi kubalulekile kumgomo womnyango wokugqunguzela abasebenzi bezempilo. Umcimbi wakulonyaka ube nesasasa elikhulu waheha abantu abaningi njengoba bebaningi abantu abangenelile ezigabeni ezahlukene. Inhloko yoMnyango, uDkt Sifiso Mtshali ubonge kakhulu kubasebenzi abangenele lo mcimbi wokuklonyeliswa. “Abasebenzi bangumgogodla wanoma iyiphi inhlango. Ukuze sithole umphumela omuhle kwezeMpilo kanjalo nokuphumelelisa umgomo wethu kumele

siqinisekise ukuthi siqasha abasebenzi abanamakhono kanye nabakwazi ukwenza umsebenzi. Ngaphandle kwabasebenzi awukho uMnyango, njengoba namhlanje sigubha iqhaza abalibambile kuwona wonke amazanga abasebenza kuwona. Ngiyaziqhenya ukuba ngomunye wabazofakaza aphinde ahalalisele abasebenzi abazohlomula kuyona yonke imikhakha. Lokhu kukhombisa ukuzibophezela kanjalo nentshisekelo yokuphumelela uma usebenza ngaphezu

kwakho konke ubunzima,” kusho uDkt Mtshali.

Lo mcimbi wokuklonyeliswa ubusezingeni eliphezulu leli lakhaphethi obomvu, ingqehu ibidla umunyu, izihambeli zithokozele amanoni abaculi abahlukene abebenandisa bukhoma kanye nokudla okwehla esiphundu. Kube injabulo yodwa ehholo njengoba bekuhalaliselwa abebethola izindondo. Phakathi kwezindondo ezitholwe singabala lezi:

KUMA SPECIAL AWARDS

- uSister P Goge wase Shaka's Kraal Clinic, ngaphansi komkhandlu ILembe. Uklonyelise ngeqhaza alibamba ngokushesha abone inkinga kumama owayezithwele, wabona ukuthi inhliziyi yengane ayishayi ngokujwayelekile.
- U-Dkt I Bhorat kanye nethimba lakhe eFoetal Unit esibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central Hospital, uklonyelise ngokudonsa uketshezi kumama esazithwele. Lokhu kwasindisa impilo yengane futhi uhlelo olungajwayelekile njengoba ziwu-20 kuphela izigameko ezifuze lezi emhlabeni wonkana kanti singesokuqala lapha eNingizimu Afrika.
- Dr H R Mackanje kanye nethimba lakhe e-Inkosi Albert Luthuli Central Hospital ngeqhaza labo ekuhlukaniseni ngempumelelo amawele azalwa ehlangene.
- Mr. R McKenzie kanye no MR Dlamini bakwa EMS, abethimba lamaphoyisa W O Da Rosa no W O F Pretorious be-SAPS Search and Rescue, ngokuqhamuka nendlela ephiphile yokutakula intombazanyana eyayibhajwe epayipini ku Mkhandlu Ugu.
- Isibhedlela iMahatma Gandhi Memorial ngokukwazi ukwehlisa izinga lokushona komama ababelethayo ngeminyaka 2014/15 kuya ku 2016/17.

Ziningi izindondo ezitholwe ngabasebenzi kulomkhakha nalapho kuye kwaphindwa kwaklonyeliswa abasebenzi abathola izindondo ngokusebenza kwabo kweminye imicimbi efuze le.

Ungqongqoshe kanye neNhloko yoMnyango bahalalisele bonke abasebenzi abebe' ingxenye baphinde banxusa nabanye abasebenzi ukuthi nabo bangenele i-MASEA.



UKUNAKEKELWA KWEMPILO YABESILISA KUMQOKA



Ababani abantu besilisa abavakashela imitholampilo beyohlolwa ngoba iningi libona kuyinto eyehlisa isithunzi somuntu wesilisa. Kanti ukungabinalo ulwazi kanye nokungayi njalo ukuyohlola emtholampilo kungabeka impilo yomuntu wesilisa engcupheni, angabe esakwazi ukuphila impilo yakhe ngendlela efanelekile. UNhlangulana inyanga yokuqwashisa abesilisa ngempilo yabo. Inhloso ukugqugquzela abesilisa ukuba babhekisise isimo sempilo yabo futhi bazijwayeze ukuhlolola izifo. Ziningi izinhlelo ezihleliwe zokuxoxisana nabantu besilisa ngale nyanga lapha esifundazweni saKwaZulu-Natali. Phakathi kwazo singabala uhlelo olwaziwa nge- "Ubuntu Initiative" ngaphansi kwesiqubulo esithi 'Amadoda Ayazibophezela', okungumkhankaso wokugqugquzela amadoda ukuba anakekele izimpilo zawo aphinde futhi alwe nokuhlukunyezwa kwabantu

besifazane nezingane. Lomkhankaso uholwa phambili yinhlangano iSouth African National Aids Council (SANAC) ibambisene nomnyango wezeMpilo kuzwelonke kanye nowalapha esifundazweni, umasipala weTheku kanye nomasipala ILembe, inhlangano yamahostela i-Ubunye Bama Hostela kanjalo nezinye izinhlelo ezikhona esifundazweni. Ngesikhathi kwethulwa loluhlelo bekukhona uNgqongqoshe weZempilo uDkt Dhlomo, ingwazi yebhola likanobhutshuzwayo uJomo Sono kanye nomlingisi uSello Maake kaNcube phakathi kwabanye. Ngaphansi kwalomkhankaso kuzohanjelwa amahostela (community residential units) ahlukene ngaphansi kwesifunda sase-Thekwini kuxoxiswane nabantu besilisa mayelana nezempilo kanye nendlela yokuziphatha. Lokhu kubandakanya ukuhanjiswa kwezinsiza zezempilo ezifana nalezi:

- Ukuhlololwa isifo sofuba, umdlavuza, ushukela kanye nezinye

- Ukuhlinzekwa kwabantu ngemithi
 - Ukudluliselwa kwamakhondu
 - Ukusokwa kwabesilisa
- Kanti kuzophindwe kuhlelwe inkundla yokuxoxisana (Dialogues) nabantu besilisa abahlala emahostela mayelana nendlela yokuziphatha, kukhulunywe kabanzi ngodaba lokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane. Imiyalezo ebhekiswe kubantu besilisa izophinde idluliswe ngokuthi ibe yingxenywe yemidlalo yobuciko ezobe iholwa phambili umlingisi uSello Maake ka Ncube, kuphinde kube khona nemidlalo yebhola ebandakanya amaqembu adumile afana neJomo Cosmos FC.

Lomkhankaso uzokwandulela ingqungquthela yengculazi ezobanjelwa eThekwini kanti ukuvakashelwa kwamahostela kuzoqala ngomhlaka-12 kuya ku-18 kulenyanga kuyothi mhla ziyi-16 kuya ku-17 kuhlangukanye nabesilisa emphakathini kudlalwe ibhola kwaMaphumulo.

Kuzobe kuhlinzekwa umphakathi ngezidingo zezempilo kuzona zonke lezi zindawo, abantu besilisa bayacelwa ukuba baphume ngobuningi babo.

KUNXUSWA ABASHA UKUBA BAGWEME UKUKHULELWA OKUNGAHLELIWE

Baningi abantwana abazalwa amantombazane angaphansi kweminyaka ewu-18 njalo ngonyaka, kanti imizimba yabo isuke ingakabi sesimweni sokuba isingathwala isisu.

Lokhu kubeka izimpilo zabo kwenkulu ingozi. Kule nyanga yabantu abasha uMnyango wezeMpilo kwaZulu-Natali ugqugquzela intsha ukuba izithibe, ingayi ocansini ngoba kunemiphumela emibi njengokuthola izifo ezithathelana ngokocansi kanye nokukhulelwa okungahleliwe.

UNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo uthi izingxoxo ngocansi kumele zibe yinto ekukhulunywayo, ingasatshwa noma ifihlwe. Uthi abazali kanye nothisha kumele bakhulume bakhululeke nabantwana ngoba lokho kuyobasiza bazi kabanzi ngocansi kanye nemiphumela yalo.

Labo abahlulekayo ukuzithiba bayanxuswa ukuba basebenzise ukizivikela okuMbxambili (Dual Protection). Lokhu kusho ukusokwa ngokwezeMpilo nokusebenzisa ijazi lomkhwenyana ngaso sonke isikhathi uma kuyiwa ocansini.



UHLELO LOKUQEQESHWA KO DOKOTELE BAKULELI KWELASE-CUBA LUHEHA NAMANYE AMAZWE OMHLABA



Mhla ziwu-30 kuMfumfu ngo-1996, owayengumongameli wokuqala weNingizimu Africa ngentando yeningi uBaba uNelson Mandela kanye nowayenguzakwabo wase-Cuba umongameli uFidel Castro, basayina isivumelwano esiyinqophamlendo. Lesi sivumelwano simayelana nokuthunyelwa kwentsha yakuleli eCuba ukuyoqeqeshelwa ubudokotela kwelaseCuba ukuze kuthuthukiswe ezeMpilo kuleli, ikakhulakazi ezindaweni zasemakhaya. Ngaphezu kokulwa nenkinga yokushoda kodokotela kuleli, odokotela abaqeqeshwe kwelase Cuba bafundiswe indlela yokuthi abezempilo basize imiphakathi ukuthi ingangenwa yizifo

kunokulinda abantu bagule bese bethutheleka ezikhungweni zezempilo ukuzokwelashwa. Umphumela wokubambisana kwethu nelase-Cuba kwezempilo usudonse amehlo amanye amazwe. UNGqongqoshe uhambele eNgilandi ngesimemo se - Institute for Global Health Innovation –e-Imperial College, eLondon, ukuba abeyingxanye yengqungquthela yayo ngaphansi kwesihloko esithi “Human Resources For Health and Economic Growth Learning from the Cuban Experience in Medical Education”. Inhloso yokumenywa kwakhe bekuwukuthi ayophonsa itshe esivivaneni ngasekuhlomulile ngokuthumela intsha yakuleli ukuba iyoqeqeshelwa ezobudokotela e- Cuba.

Phezu kwezinkinga esibhekene nazo kwezempilo KwaZulu-Natal ngenxa yokudlangu kwezifo nokuntuleka kwezimali nokubangela ukushoda kwabasebenzi, lesisifunda singesinye salezo ezenza kangcono kwezempilo. Ubufakazi balokhu ukumenywa kulengqungquthela. Bangingi odokotela asebeqeqeshiwe kwelase-Cuba eminyakeni edlule , kanti ngonyaka odlule nje kuphela besigubha ukubuya kwabangu-500 asebephothule izifundo zabo. Sebevele bajutshiwe ezweni lonke ukuba beyohlinzeka imiphakathi ngezeMpilo. Kubafundi abangaphezulu kuka-700 abaseCuba, abangu-262 bazobuya ngo-Ntulikazi wangonyaka ozayo.

Baningsi-ke abafundi abazobuya eminyakeni emibalwa ezayo abazobe sebephothule izifundo zabo. Bonke-ke labo dokotela bazobe sebejutshwa ezindaweni ezahlukene zesifundazwe saKwaZulu-Natal, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Bayithemba lethu ekulweni nezifo nokuthukisa ezempilo KwaZulu-Natal.

Ingqungquthela yakamuva eLondon, isiqinisa idolo ukuthi umkhankaso wethu wokulwa nezifo uzophumelela ngokuqina kobudlelwane bethu nelase United Kingdom kanye nelase-Cuba. Kulengqungquthela sagcizelela ukuthi kumele kuqalwe ngokuthi kubhekanwe nezifo ezikhona eNingizimu Africa, ezihlanganisa isandulela ngculazi kanye negciwane laso, kanye nesifo sofuba, ukushona komama kanye nezingane ngesikhathi bebeletha, ukuncishiswa kodlame kanye nokulimazana. Phezu kwalokhu kubalwa nokukhula kwezifo ezingathathelani ezifana nesifo somdlavuza, isifo sikashukela, ukukhuluphala ngokweqile kanye nomfutho wegazi ophezulu. Siphinde sazibophezela ngokubambisana ne-Cuba ekubeni isiqeqeshwe intsha. Elase-Cuba likwazile ukunciphisa ukwesuleleka komntwana engakabelethwa ngesandulela ngculazi, isifo sika malala eveva, esofuba nezinye. Kwelase-Cuba oDokotela abahlonishwa kuphela ngokuthi sebenqume imilenze yabantu

abangaki kanye nezingalo, kodwa bahlonishwa ngokukwazi ukufundisa ngezempilo, nokuthi ungazivikela kanjani. Ngenxa yokukwazi ukufundisa nokugqugquzela ngezempilo, abantu base-Cuba baba nesifo somfutho wegazi ophezulu kanye nezifo ezingathathelani sebedadala kakhulu. Yisona sizathu esenza silithande kangaka izwe lase-Cuba. Sisebenza ngokuzikhandla okukhulu ukugqugquzela ezeMpilo ezisezingeni eliphakeme ukuze sihlizenke imiphakathi yethu ngezempilo ezisezingeni eliphakeme, sisebenzisana nabasebenzi bezempilo kusukela emitholampilo. Odokotela abaqeqeshwe kwelase-Cuba bazosisiza kulokhu ngoba ulwazi lwabo lugxile ekuvikeleni. Isibonelo nje, lapha KwaZulu-Natal sesijube amathimba ezikoleni angu-207 isifundazwe sonke. Lamathimba aholwa abahlengikazi abafunde bagogoda, basebenzisana nabahlengikazi abasafikayo kanye nabasizi babo. Umsebenzi wabo omkhulu, ukuhlola abafundi izifo

ezifana nesifo sofuba, kanye nezingqinamba ezingathikameza ukufunda kwabo, ezifana nokungaboni kahle, inkinga yokuzwa, ukuphazamiseka emqondweni, ukukhubazeka kanye nokunye. Onyakeni odlule wezimali, amathimba ethu ezeMpilo ahambela ezikoleni ezingu-6 000 ahlola abafundi abangu-143 776 kusukela kwa Grade R kuya ku Grade 10. Sesiqale uhlelo i-Child and Adolescent Mental Health Sub-Speciality nokuwuhlelo olusizayo ukuhlola isimo sengqondo yengane uma ikhula, ikakhulukazi uma inenkinga ngokwesimo sengqondo. Njengamanje zingu 102 294 izingane ezingaphansi kweminyaka engu-18 esezihloliwe esifundazweni saKwaZulu-Natal. Kanjalo, angu 141 amathimba ahambela emakhaya aziwa ngokuthi i-Ward Based Outreach Teams (WBOTs) asekwazile ukukhuphula aphinde aqinise ukusebenza konompilo abahamba bengena umuzi gomuzi.

Sizoqhubeka siqinise uhlelo lwezempilo, kanti futhi sinxusa umphakathi ukuba unakekele impilo yawo, uhlale uphilile ngaso sonke isikhathi. Odokotela bethu abaqeqeshwe kwelase-Cuba bazosisiza kakhulu emkhankasweni wokuvikela izifo emiphakathini kunokulinda abantu baze bagule bese bezokwelashwa ezikhungweni zezempilo.

KUGUJWE USUKU LWABAHLENGIKAZI E KZN

BANINGI abahlelengikazi abenza umsebenzi owubuhawe behlenga izimpilo zabantu ezimweni ezibucayi nsukuzonke, futhi kufanele engabe abahlelengikazi babungazwa ngaso sonke isikhathi. Lokhu kuhlaluke ngesikhathi uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natali wenza indumezulu yomcimbi wokubonga abahlelengikazi, i-International Nurses' Day eThekwini.



Usuku lwabahlelengikazi lugujwa minyaka yonke ngomhlaka 12 ku Nhlaba ukubungaza kanjalo nokukhumbula umsunguli wobuhlelengikazi besimanje, uFlorence Nightingale.

Lo mgubho ubuhanjelwe ngabahlelengikazi abaphuma ngaphansi kwezifunda eziyishumi nanye zoMnyango. Bebephume ngobuningi babo abahlelengikazi kanye nabafundi abafundela ubuhlelengikazi ukuzogubha lolu suku nabaphathi bezikhungo zoMnyango wezeMpilo esifundazweni. Isiqubulo salonyaka sithi "A voice to lead: Achieving Sustainable Development Goals," sichaza abahlelengikazi njengabaholi ezikhungweni zezempilo. Lesi siqubulo siveza ukuthi abahlelengikazi bangabaxhumanisi, abafundisi futhi njengabantu abakwazi ukwenza izinqumo ezimayelana nempilo. Abahlelengikazi bahlonishwe ngokubamba iqhaza elikhulu ekukhuphuleni izinga lezempilo. Ngalokhu singabala umsebenzi

abawenzayo emitholampilo lapho iziguli ziqala khona, bazifundise ngezindlela zokugwema izifo ezingamahlala khona, kanye nokuqinisekisa ukuthi umsebenzi uqhubeka ngendlela efanele ezikhungweni zezempilo. Kulomcimbi izikhulumi bezigcizelela ukubaluleka kwabahlelengikazi nendima abayibambile zaphinda zagqugquzela ukuba baqhubeke ngokusebenza ngokuzikhandla ukusiza umphakathi, bazibandakanye ekuthatheni izinqumo, bakhululeke ekuvezeni imibono yabo ekuletheni izidingo ezigulini. Babongwe ngokuzinikela kwabo nangokuzibophezela ekutheni balekelele abantu ukuba basizakale. Umhlelengikazi omkhulu uStezia Primrose Goge, osebenza emtholampilo ose-Ballito ngaphansi kwesifunda iLembe, uhlonishwe njengomsebenzi ovelele ngokwenza umsebenzi wakhe ngokukhulu ukucophelela. UGoge ngokucophelela kwakhe, wakwazi ukubona inkinga kumama owayezithwele ngesikhathi

ezoxukuza, wabona ukuthi inhliziyo yengane ayishayi ngokujwayelekile. Umama wabe esedluliselwa emazingeni aphezulu ezempilo ngesimo sakhe esingajwayelekile. Odokotela abawongoti kwadingeka ukuba badonse uketshezi enganeni ingakazalwa. UGoge uhlonishwe ngendondo kanye nesitifiketi ngu Dr Sindizama Mthembu (KZNCN Principal) kanye no Nksz Cynthia Sosibo onguMqondisi wabahlelengikazi. Lo mcimbi ufike kuvuthondaba ngesikhathi sekukhanyiswa amakhandlela, okuyisifaniso selambu lika Florence Nightingale eseliwuphawu lobuhlelengikazi umhlaba wonke. Leli lambu liwuphawu lokududuza, ukuvuselela ubuntu kanjalo nokuzinikela emsebenzini. Kwavuka umunyu ngesikhathi sekokhelwa amakhandlela njengoba abahlelengikazi babezinikela bethi bayazibophela ukuqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla nangokucophelela kanjalo nesizotha, beholwa nguNksz Sosibo (Nursing Director) besho isifungo ngemuva kwakhe.

ETHICS TALK

Ukusebenza eceleni uhola ngale kwalo waKwezemisebenzi kaHulumeni

Qaphela:

Inqubomgomo yoMnyango maqondana nokusebenzela uHulumeni kodwa ube uhola komunye umsebenzi (i-RWOPS) njengamanje iyabuyekezwa. Asahoxisiwe okwesikhashana wonke amasekhula aphambilini akhuluma ngenqubomgomo kanye nezinqubo ezimaqondana nalokhu. Uma nje inqubomgomo entsha isikhona, kuyobe sekusebenza imigomo ejwayelekile echaziwe.

Ngale kwalokhu okungenhla, lapho abasebenzi behlonza isidingo sokwenza imisebenzi ezobaholela kanye nenengeke ibaholele ngaphandle kwale abaqashelwe yona kuHulumeni kumele kuhambisane nenqubomgomo noma imvume emayelana nalokhu. Uma kwenzeka leyo nqubomgomo ivumela uhlobo lwalo msebenzi kunamaphuzu okumele acatshangwe okuyilawa alandelayo:

- Ufaka isicelo semvume ngokuhambisana nenqubo ebekwe nguMnyango.
- Lowo msebenzi awuwuphazamisi umsebenzi wakho owuqashelwe– kumele umsebenzi ungenziwa ngezikhathi zomsebenzi.
- Akukho ukushayisana kwentshisekelo futhi ukwenziwa komsebenzi akuthunazi uMnyango.
- Isicelo sakho sigunyazwa ngaphambi kokuba wenze imisebenzi ezokuholela/ engeke ikuholele ngaphandle kwale abaqashelwe yona kuHulumeni akukho msebenzi ovumelekile ukuba aqhubeke nomunye umsebenzi ozomholela ngaphandle kwale aqashelwe wona kuHulumeni ngaphandle kwemvume yeNhlolo yoMnyango.
- Ukwenza imisebenzi ezobaholela ngaphandle kwale abaqashelwe yona kuHulumeni ngaphandle kwegunya kusho ukungaziphathi ngendlela efanele komsebenzi futhi angaqondiswa izigwegwe uma lokho kutholakala.


Lokhu kusho ukukhwabanisa/ukungaziphathi ngendlela efanele futhi kuzobhekwanakho ngendlela efanele.

Qaphela:

Isicelo esifakwa ngumsebenzi sokwenza umsebenzi oholelayo kube kungesiwona lo awuqashelwe kumele sihambisane nenqubo enqunywe ngoNgqongqoshe KaZwelonke futhi asenze efomini elikhishwe nguye uNgqongqoshe.

Bonke abasebenzi bayexwayiswa ukuba lesinqumo esisha esishicilelwe ku HRM Circular nombolo 45/2017 ngezinyathelo okumele zithathwe mayelana nokusebenza umsebenzi oholelayo ongale kwalo oqashelwe wona (okubizwa phecelezi ORWOPS) lesekhula ikhishwe ngosuku 30 ku Meyi 2017. Ukuhluleka ukufeza lomthetho ngendlela obhalwe ngayo kuyoholela ekuthathweni kwezinyathelo zokuqondisa izigwegwe.

YENZA UMEHLUKO, NIKELA NGEGAZI UPHILISE ABANTU



Ukunikela ngegazi ngenye yezinto ezibalulekile njengoba abanye abantu belidingela izimo ezahlukene, njengomuntu olimale engozini kungabe eyemoto noma ngenxa yokulinyazwa, bese opha ngokweqile. UMyango wezeMpilo KwaZulu-Natali unxusa umphakathi ukuba ubambe iqhaza unikele ngegazi njengoba lenyanga esikuyo kungeyokunikela ngegazi.

UMnyango usebenzisana nezinhlekelele ezibhekelele ukunikelwa kwegazi ukuze zisize abaliswelayo. Ukunikela ngegazi kuyenziwa emtholampilo kanjalo nasezibhedlela. Lolu hlelo luphinde lubekhona komahamba nendlwana ngaphansi kwenhlangano yesikhungo sokunikela ngegazi, iSouth African National Blood Service. Leli gazi elinikelwe alisizi kuphela abasengozini kepha nabasuke behlaselwe ukugula okwahlukene, isibonelo:

- Abonondlavuza
- Abatetayo
- Abahlinzwayo, amathambo nenhliziyo
- Izingane ezigulayo

Ngabe kuphephile yini ukunikela ngegazi ?

- Yebo kuphephile. Ngaphambi kokuba unikele ngegazi kufanele uqiniseke ukuba uhlolele igciwane lesandulela ngculazi.

Ubani onganikela ngegazi ?

- Kufanele kube ngumuntu ongaphezulu kweminyaka eyishumi nesithupha (16)
- Ngumuntu ongenalo igciwane lesandulela ngculazi
- Ngumuntu onesisindo esingaphezu kuka-50kg

Ikuphi okufanele ngikwenze ngaphambi kokunikela ngegazi ?

- Kufanele udle ngaphambi kwamahora amane
- Yiba sesimweni esilungile, ungayisebenzisi imijovo kanye namaphilisi ngaphambi kwezinsuku eziyisikhombisa
- Ngaso sonke isikhathi uma uya ocansini sebenzisa ijazi lomkhwenyana

Ukuphela kwegazi emzimbeni kubeka izimpilo zabantu engcupheni. Ingakho ngaso sonke isikhathi kufanele udle ukudla okunomsoco futhi okuvusa amasosha omzimba.

UMnyango wezeMpilo uhlaba ikhwelo ukuba umphakathi unikele ngegazi ngoba liwumgogodla wezimpilo zethu. Nikela ngegazi uphilise isizwe.

IXOXWA NGEZITHOMBE UMCIMBINI WAMA MASEA



UMA UFUNA IZITHOMBE EZATHWETSHULWA KULOMCIMBI KODWA EZINGEKHO
KULOLUSHICILELO, XHUMANA NO MR THEMBA MNGOMEZULU
themba.mngomezulu@kznhealth.gov.za

SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA, SINIKA ITHEMBA



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

HEAD OFFICE

Natalia Building, 330 Langalibalele Street, Pietermaritzburg, 3201
Tel: 033 395 2111 | Fax: 033 342 0429 | Web: www.kznhealth.gov.za



Facebook - KwaZulu-Natal Department of Health



Twitter - @kznhealth



Instagram - kznhealth



KZN Department of Health

ENQUIRIES:

Agiza Hlongwane: 033 395 2211, E-mail: agiza.hlongwane@kznhealth.gov.za

EDITORIAL TEAM

- Mr Sam Mkhwanazi
- Mr Agiza Hlongwane
- Ms Ncumisa Mafunda
- Mr Sibongiseni Mkhize
- Ms Samke Khumalo (Intern)
- Ms Ayanda Dube (Intern)
- Ms Sikhululiwe Khoza (Intern)
- Mr Phumlani Sikhakhane (Intern)

GRAPHICS

- Mr Senzo Gumede
- Ms Nonhle Hadebe (Intern)
- Mr Joash Naidoo (Intern)

PHOTOGRAPHS

- Mr Themba Mngomezulu
- Mr Mondli Mwandla